

Ugaxe kile

Esigcawini ngasinye, thola ukuthi lo mlayezo unzugaxekile yini nokuthi ingabe kumelwe wabelane ngowaziswa kwakho nalo muntu. Sicela ubhale impendulo yakho embuzweni ngamunye esikhali esinikeziwe.

Isigcawu 1

Uthola i-imayili evela kummeli, ikutshela ukuba isihlobo sakho esiqhelile sikubeke njengomzuzi kwenye yezimali zefa. Ifundeka kanje, "Ukuze uthole le mali, ngicela ungithumelele inombolo ye-akhawunti yakho yebhange kanye nenombolo yokuhambisa, ukuze sikhazi ukukuthumela le mali."

Isigcawu 2

Umngane ukuthumela umlayezo, ukwazisa ukuthi uzama ukubona isithombe oke wambonisa sona kodwa manje akasenayo imvume yokusibona. Awukho phambi kwekhomphyutha yakho ngaleso sikhathi ukuze umthumelele leso sithombe. Abe esethi kuwe, "Ngingangena kwi-akhawunti yakho ngokushesha ngisilande -- ithini iphasiwedi yakho?"

Isigcawu 3

Uthola imayili evela esikoleni sakho, ikutshela ukuthi i-akhawunti yakho yomfundu isongelwe. Ithi, "Sisanda kuthola ukuthi ama-akhawunti amaningi abafundi adeliwe. Siyaxolisa futhi sisebenzela ekulungiseni le nkinga. Ukuze sivuselele i-akhawunti yakho, sicela uphendule kule-imayili ngegama lakho lomsebenzisi nephasiwedi."

Isigcawu 4

Uthola i-imayili evela ebhange lakho onekhawunti yangempela kulo. Le imayili ithi basongelwe ngakho kumelwe ungene ngokushesha ushintshe iphasiwedi yakho yamanje futhi ushintshe nephasiwedi kunoma yimaphi ama-akhawunti asebenzisa iphasiwedi efanayo.

Ugaxe kile: Ikhophi Yomfundisi

Esigcawini ngasinye, thola ukuthi lo mlayezo unzugaxekile yini nokuthi ingabe kumelwe wabelane ngowaziswa kwakho nalo muntu. Sicela ubhale impendulo yakho embuzweni ngamunye esikhaleni esinikeziwe.

Isigcawu 1

Uthola i-imayili evela kummeli, ikutshela ukuba isihlobo sakho esiqhelile sikubeke njengomzuzi kwenye yezimali zefa. Ifundeka kanje, "Ukuze uthole le mali, ngicela ungithumelele inombolo ye-akhawunti yakho yebhange kanye nenombolo yokuhambisa ukuze sikhazi ukukuthumela le mali."

Le imayili kungenzeka ingugaxekile. Ngisho nalapho belisebenzise kahle igama lesihlobo sakho, kungenzeka kungabi yilowo muntu ocabanga ukuthi uyena. Umthumeli angathola okumayelana nokuhlobana kwenu ngezinye izindlela. Ukwabelana ngokwaziswa kwakho kwebhange kuyingozi ngaso sonke isikhathi futhi kumelwe kwenziwe ngokukhulu ukuqapha. Ungalokothi uthumele iminininingwane yakho komunye umuntu ngaphandle kwalapho uma uxhumene naye kuqala, futhi ngisho nalapho kumelwe uqaphe. Ngokwesibonelo, akulona isu elihle ukuthumela iminininingwane yakho nge-imayili njengoba ingahluthulelwanga. Yingakho izibhedlela eziningi, abammeli, namabhange anezingosi ezikhethekile axhumana ngazo nawe.

Isigcawu 2

Umngane ukuthumela umlayezo, ukwazisa ukuthi ufunu ukubona isithombe oke wambonisa sona kodwa manje akasenayo imvume yokusibona. Awukho phambi kwekhomphyutha yakho ngaleso sikhathi ukuze umthumelele leso sithombe. Abe esethi kuwe, "Ngingangena kwi-akhawunti yakho ngokushesha ngisilande -- ithini iphasiwedi yakho?"

Nakuba lokhu kungeyena ugaxe kile, akumelwe wabelane ngephasiwedi yakho nabanye abantu. Uma bengathola iphasiwedi yakho, bangakuvalela ungasakwazi ukungena kwi-akhawunti yakho noma ungene ngisho nakwamanye ama-akhawunti akho asebenzisa iphasiwedi efanayo kwi-inthanethi. Ngaphezu kwalokho, uma owangaphandle, umsongeli noma obukile ebona umlayezo wakho, baningi abantu abangangena kwi-akhawunti yakho wena ungazi.

Isigcawu 3

Uthola i-imayili evela esikoleni sakho, ibonisa ukuthi i-akhawunti yakho yomfundu isongelwe. Ithi, "Sisanda kuthola ukuthi ama-akhawunti amanangi abafundi adeliwe. Siyaxolisa futhi sisebenzela ekulungiseni le nkinga. Ukuze sivuselele i-akhawunti yakho, sicela uphendule kule-imayili ngegama lakho lomsebenzisi nephasiwedi."

Kuyisenzo esivamile ukungaceli abasebenzisi lolu hlobo lwemininingwane. Ngisho

nalapho othumele ebonakala engasolisi, kumelwe ucabange ukuthi noma iyiphi imeyili ecela iphasiwedi yakho ingugaxe kile.

Isigcawu 4

Uthola i-imayili evela ebhange lakho onekhawunti yangempela kulo. Le imayili ithi basongelwe ngakho kumelwe ungene ngokushesha ushintshe iphasiwedi yakho yamanje futhi ushintshe nephasiwedi kunoma yimaphi ama-akhawunti asebenzisa iphasiwedi efanayo.

Indlela efanele yokuthatha isinyathelo iwukuvula ithebhu entsha kusiphequluli bese ungena kulelo khasi ngendlela ovame ukungena ngayo kulo. Izimo ezinjengalezi (zokuthi ama-akhawunti asongelwe) zivame ukuvela kusetshenziswa umthombo webhange noma wenkampani. Iziqondiso zomthombo kumelwe zikwazi ukulandeleka ngendlela ephephile. Njengasesigcawini 3, akukho mlingisi ongokoqobo ongacela imininingwane ye-akhawunti kuwe nge-imayili.